



## ISAZISO NGE-WEBSITE YE-CSIR

---

I-CSIR yazisa ulwazi oluqondene nawe, yingakho sikunika lesi saziso ukuze uzithathele isinqumo esiphusile ngokuthi uyathanda noma awuthandi ukusebenzisa lesi sigcawu.

Qaphela ukuthi ngokusebenzisa le website wamukela lesi sexwayiso. Uma ungasemukeli lesi saziso, yeka ngokushesha ukusebenzisa le website.

Iyiphi imininingwane yabantu esiyisebenzisayo?

Uma usebenzisa le website yeCSIR, kuziqoqekeleka le mininingwane engazansi (iyohlale iqopheka ungenzanga lutho):

- Ikheli lwekhompyutha yakho kwi-internet, lapho kuvuleka khona nendlela yokusebenza kwekhompyutha;
- Wusuku nesikhathi ongena ngaso kwi-website;
- Indawo ohlala kuyo;
- Amakhasi owabhekayo ngenkathi usebenzisa i-website;
- Wonke amatemu obheka ngawo kwi-website.

Ngaphezu kwalokho, siqoqa imininingwane yakho osinika yona ngokwakho. Isibonelo nje, uma uthumela iCV yakho noma ubhalisela ukuthola iphephandaba lethu.

Senzani ngayo?

Imininingwane eziqoqelekayo eyokusiza iCSIR iphucule umsebenzi wayo nokuqokethwe kwi-website. Ulwazi osinika lona ngokwakho esiluqoqayo olokuthi sise wena noma selekelele ukwenza umsebenzi othile lapho ludingeka khona ukuthi sense lowo msebenzi.

Siyinika bani?

Imininingwane osinika yona ngokuthanda nemininingwane yakho eziqoqelekayo ngendlela ehlukele.

Imininingwane yakho osinika ngokuthanda:

Le mininingwane asiyiniki omunye umuntu, ngaphandle uma kunesizathu esizwakalayo. Imvamisa,

labo esibanika imininingwane yakho kuba ngabantu esisebenzisana nabo uma besisiza ukuhlanganisa i-website, ubuchwepheshe bayo noma okunye okunjalo.

Kwenye inkathi singaphoqwa wumthetho ukuthi sinike abanye abantu le mininingwane, isibonelo nje, uma sithola umyalelo wenkantolo noma esinye isicelo esinjalo esisemthethweni.

Kwenye inkathi singadlulisa imininingwane eyenziwe ayangaziwa ukuthi ngekabani, okungeke kube lula ukuthi kubonakale ukuthi ngekabani.

Imininingwane eziqoqelekayo:

Eminye imininingwane eziqoqelekelayo iyoqwa ngabanye abantu esisebenzisa ubuchwepheshe babo ukusebenzisa i-website noma esihlaziya ngabo imininingwane ye-website. Ithebula elingezansi liveza laba bantu, lapho bekhona, imininingwane yokuphuma ohlelweni lwabo lokuqoqa imininingwane yabantu noma, uma kwenzeka, imininingwane yabo ngemibuzo ongaba nayo ngemininingwane yakho.

Okunye, uma usebenzisa izinkinobho zabo zezinkundla zokuxhumana, imininingwane yakho iyaziqoqekela iyoqwa yinkampani yezinkundla zokuxhumana oyisebenzisayo (bheka isigaba esingezansi “seZinkundla zokuXhumana nemiXhantela yabaNye”).

Siyiqoqa kanjani imininingwane yakho?

Ngokwemininingwane esiyiqoqayo, sisebenzisa ubuchwepheshe obehlukene obuningi obuqoqa imininingwane yakho:

Amafayela amancane kwikhompyutha: Lana ngamafayela amancane agcineka kwikhompyutha yakho aveza, agcine imininingwane yokuthi uyisebenzisa kanjani le website. Kwenye inkathi la mafayela amancane ekhompyutha ayadingeka ukuze i-website isebenze. Uyakwazi ukuwamisa lapho ukhona kwi-internet kodwa lokhu kungaphazamisa ukusebenza kwe-website.

U-Google Analytics: Lokhu wuhlelo lokuhlaziya lakwaGoogle esilusebenzisa ukubheka ukuthi abantu bayisebenzisa kanjani i-website ukuze sazi ukuthi ukusebenza kwayo nekuqethe singakuphucula kanjani.

I-Web-server Software: I-Web-server Software iletha amakhasi e-internet kwikhompyutha yakho. Iyaziqoqela ikheli lendlela ikhompyutha yakho ebonakala ngayo kwi-internet njalo uma ungena kwi-website.

U-YouTube: I-YouTube idlala ama-video. Asiqoqi mininingwane yakho ngokudlala la ma-video kwi-website yethu kodwa uGoogle Inc (owumnikazi kaYouTube) uqokelela imininingwane yabantu uma la ma-video engena emakhasini e-internet.

I-AddToAny: Isetshenziswa ukufaka izinkinobho zezinkundla zokuxhumana kwi-website yethu okwenza ukuthi imininingwane yakho itholakale kwi-website yethu ngezinkundla zokuxhumana. Asiqoqi mininingwane yakho ngokufaka lezi zinkinobho kwi-website yethu, kodwa yinkampani i-AddToAny eyiqoqayo.

## **Izigcawu zezinkundla zokuxhumana nemixhantela yabanye**

Le website ingasebenzisa izinkundla zokuxhumana njengoFacebook noLinkedIn. Njalo uma usebenzisa izigcawu ezinjalo kule website, uqikelele ukuthi imininingwane oyisebenzisa kulezi zigcawu ilawulwa yimibandela yezinqubo ezithile, hhayi ezeCSIR. Le website kungenzeka ukuthi iqukathe imixhantela yama-website yabanye (okungeyona eyeCSIR) Njalo uma ushaya lapha bese ungena kwenye i-website, qaphela ukuthi ukusebenzisa kwakho le website kulawulwa yimigomo yabanye abantu, hhayi eyeCSIR.

## **Ukuvikela imininingwane**

Siqikelela ukugada imininingwane yakho, sisebenzisa izindlela zokuvikela, kodwa kufanele ukhumbule ukuthi lezi zindlela azihlale zisebenza ngakho kuyenzeka ukuthi imininingwane yakho itholwe ngabanye abantu abangagunyaziwe uma izindlela zokuvika zihluleka.

## **Izinguquko kulesi saziso**

Singasichibiyela noma nini lesi saziso. Zonke izichibiyelo ziyofakwa kule-website. Ngaphandle uma sishilo, lesi samanje siyothatha indawo yezaziso ezindala. Wumsebenzi wakho ukubheka izinguquko njalo uma ungena kule website.

Indlela yokusithinta:

Ikheli lesakhiwo

U-Meiring Naudé Road

E-Brummeria

EPitoli

ENingizimu Afrika

Ikheli lePosi

PO Box 395

Pretoria 0001

South Africa

012 841 3267